

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-11.

QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-2, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–40 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenihla kanye nengezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-40]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okungenelisi
OKUQUKETHWE NOKUHLELA (Izipendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-24	Ingxenye engenihla	22–24	18	12–16	7–11	0–6
		-Ipendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoni noko kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Ipendulo yakheke kahle -Imibono eshaya emhlohlweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Ipendulo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlohlweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Ipendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Ipendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali, kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenye engezansi	19–21	17			
		-Ipendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Ipendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho			

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-40] (kuyaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okungenelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA		10–12	8–9	6–7	4–5	0–3
-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo -Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi		-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	-Ulimi aluqondakali -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
AMAMAKI AYI-12						
ISAKHIWO		4	3	2	1	0
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho		-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho nezigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho nezigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho nezigaba kwakheke kahle	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
AMAMAKI AMA-4						
UKWABIWA KWAMAMAKI		33–40	28–30	20–25	12–17	0–9

- 1.1–1.5 Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo.
Okungenani mazibe mbili kuphela izigaba ezethula ngomqondo owodwa zingadluli kulokho.
Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.

ISIQEPHU A**UMBUZO 1****1.1 Umngani Engingasoze Ngamkhohlwa.**

- Kungabhalwa ngenkathi exubile.
- Isho uhlobo lomngani.
- Chaza ukuthi umazi kanjani?
- Yini lena ongeke uyikhohlwe ngaye?
- Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]**1.2 Ukubaluleka Kwamanzi.**

- Kungabhalwa ngenkathi exubile.
- Chaza ukuthi abaluleke ngani amanzi.
- Veza ukusetshenziswa kwamanzi ngezindlela ezahlukene.
- Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]**1.3 Kwakuyimvula Enezimanga Leyaya!**

- Bhala ngenkathi edlule.
- Nini? Kuphi?
- Umonakalo owadalwa yileyo mvula.
- Usizo ngemuva kwezimvula.
- Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]**1.4 Uthando Engaluthola Kuthisha Wami!**

- Bhala ngenkathi edlule.
- Ubani? Nini? Kuphi?
- Ibanga nesifundo ayengifundisa sona.
- Uhlobo lothando ayenginika lona.
- Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]**1.5 Umculo Engiwukhonzile.**

- Kungasetshenziswa inkathi exubile.
- Uhlobo lomculo.
- Ngawazi kanjani lowo mculo?
- Kungani ngiwukhonzile?
- Nokunye okuyoqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]

1.6 Isithombe

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe/nokwenzeka esithom-beni.

Isibonelo:

- Ukubaluleka kwemfundo.
- Iminyango engavuleka yesimo somnotho.
- Nokunye okuyiqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.

1.7 Isithombe

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.
- Izinhlobo zobugebengu ezahlukene.
- Izigwebo ezitholakala ngobugebengu.
- Umonakalo olethwa ubugebengu emphakathini.
- Imithelela yobugebengu kwezomnotho.
- Nokunye okuyiqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.

1.8 Isithombe

- Izihloko ziyokwehluka.
- Isihloko masihambisane nesithombe.

Isibonelo:

- Ukusebenza ngokubambisana.
- Ikusasa lezwe lethu lilele kithina.
- Umhlaba munye, asiwunakekele ngendlela efanele.
- Nokunye okuyiqhamuka nabafundi okuhambisana nesihloko.

[40]

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kwabhalwe ngenhla kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

Q no H : 24

LSP : 12 (6+3+3)

SK : 4

Amakhodi angasetshenziswa ukumaka

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukuhlukanisa amagama

() – ukuhlanganisa amagama

pp – ukuphindaphinda amagama

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
(ii) Zihleleke kahle/umusho owesekelayo.
(iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.
(ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE, UKUHLELA KANYE NEFOMATHI	10–12	8–9	6–7	4–5	0–3
Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono Izimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-12	-Impendulo enembayo ngaphezu -kobekulindlekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathelele esihlokweni. -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni - Inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA	7–8	5–6	4	3	0–2
Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama oluhambisana nenhloso kanye nesimo. Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama lizimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-8	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele	-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
UKWABIWA KWAMAMAKI	17–20	13–15	10–11	7–8	0–5

ISIQEPHU B**UMBUZO 2****OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI YOKUKHONONDA (COMPLAINT)**

- Amakheli amabili – ikheli lobhalayo nelobhalelwayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku olubhalwe ngokugcwele.
- Isibonelo: 10 Novemba 2021
- Ikheli lesibili liqala ngesikhundla sobhalelwayo. Isibonelo: Mphathi kaMasipala.
- Isibingelelo: Mnumzane/ Nkosikazi/Nkosazane.
- Bhala isihloko bese uyasidwebela noma usebenzise amagama amakhulu.
- Isingeniso: Hlala phezu kodaba.
- Umzimba: Uhlukaniswe ngezigaba ezinokuxhumana.
- Namathela esihlokweni sencwadi (ukucishwa kukagesi kungamenyezelwanga)
- Isiphetho: Umusho wokugqugquzela isikhalazo/ukukhononda.
- Isivaleliso: Isibonelo:
Yimina ozithobayo
uDuma Shange (Mnu.)

[20]**2.2 INCWADI YOBUNGANI**

- Bhala ikheli.
- Isibingelelo: Sib. Lusanda
- Isingeniso: Masiveze ukuthi iyini inhloso yokubhala incwadi.
- Umzimba: Uhlukaniswe ngezigaba ezinokuxhumana.
- Isiphetho: Namathela emyalelweni (Ukucela umngani azokusiza.)
- Isivaleliso: Masikhombise ubuhlobo/ukwazana – Yimina umngani wakho uNokukhanya

[20]**2.3 INKULUMO**

- Bhala isihloko senkulumo.
- Akuvele umbhali wenkulumo.
- Mayibhalwe ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.
- Umzimba: Mawuveze ingqikithi yenkulumo.
(Mayihambisane nezinto eziphathelelene nomzala).
- Mayiphethe ngokubonga.

[20]

2.4 SIBUYEKEZO ('REVIEW')

- Sebenzisa inkathi yamanje noma edlule.
- Veza ulwazi mayelana nezimpawu zombhalo (isibuyekezo).
- Bhala nesingeniso, nomzimba nesiphetho.
- Chaza ukuthi ithikhili iphathelele nani.
(Veza imininingwane mayelana nodokotela abafunda phesheya kanye nendlela abahlezi ngayo).
- Bhala uvo lwakhe nge-athikhili efundiwe.

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

QSk : 12

ILSP : 8 (4+2+2)

[20]

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE, NOKUHLELA KANYE NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube nohlaka Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-12	10–12 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokwini -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	8–9 -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Namathele esihlokwini -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	6–7 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokwini -Inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	4–5 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlahlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-8	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha	4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	3 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlahlatha kakhulu
UKWABIWA KWAMAMAKI	17–20	13–15	10–11	7–8	0–5

ISIQEPHU C

UMBUZO 3

OKULINDELEKILE

3.1 IFLAYA

- Ayifakwe ebhokisini
- Bhala ngefonti ehlukenene/exubile
- Bhala imininingwane ngamakha: izinhlobo zawo, amanani, nokunye
- Atholakala Kuphi? Nini? Kanjani?
- Imidwebo ehambisana nokukhangiswayo (kodwa ayiphoqelekile).

[20]

3.2 IDAYARI

- Bhala ngenkathi edlule.
- Makuvele igama lendawo ababevakashele kuyona.
- Bhala usuku nelanga.
- Makuvele izinsuku ezinhlanu.

[20]

3.3 IMIYALELO

- Bhala ngenkathi yamanje.
- Mayibhalwe ngamaphuzu.
- Makusetsheziwe indlela ephoqayo. Isib. Funda isikhathi sisekhona, njll.
- Amaphuzu awahleleke ngendlela imiyalelo eyethulwa ngayo (chronological order).
- Cacisa izindlela abangazisebenzisa uma befunda.
- Bhala imigomo abazoyilandela.

[20]

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

QSK : 12

LSP : 8 (4+2+2)

AMAMAKI ESEWONKE: 80